Tribal affairs of Gamulakhes. K13/21 14 and a bit.

s506 (38) 1 b 1/15

K13/21 ~~AM/3/21~~ F. Vilakazi

1. Izekwa uPhuphu ka Mahlasela

Ukufika kwamakhosi akwaNdlela emuzini ka Mahalahla Vilakazi induna ka Gamulakhe nomkhakanyeke:-

Kuthena uku6a afe uMkhakanyiki kwase kusala indodana yakhe uGamulakhe. Ufe uGamulakhe esekhulile eseyindoda amadondana ka Mkhakanyeki maningi. Kwathi amanye ngokwehlukana kwa6antu 6akhe uMkhakanyeki. Amadodana nawo wawa6ela iziga6a zoku6usa. Nakake amanye amadodane akhe:- uBedleni Nkosi noSitini Nkosi ngaphandle kukaGamulake. Wayethi uqeda umu6ango emuzini wakhe uMkhakanyeki Nkosi. Kwethi namakhosikazi enkosi ahamba namadodana awo ngokufa kwenkosi.

2. Kwathi uGamulakhe wasala emuzini wenkosi ngo6a kuwuyena ozalwa inkosikazi. Umuziwenkosi omkhulu ekuNengeleni usemuzinyathi. Nanamhlanjena ukhona nganeno komuzi nyathi. Kwathi uBedleni yama6ela indawo yona eyakhe a6akwa Ndlela kude6uduze neDunda enyanyadu. uBedleni noSitini 6a6e6ambele yena uGamulakhe kuzolezindawo. uSitiniyena yamunika indawo yase mahukwini. Kwathi ngo6a esemuncane uSitini wa6anjelwa unda6ambi Mavuso. uNda6ambi kwathi imali okwakuswele ayinike uGamulakhe njengomuntu o6ambele uSitini wayidla yonke imali ka Gamulakhe. Phela kwazisa ukuthi ukude kakhulu uGamulakhe.

3. Kuthena sekungena uSitini e6ukhosini 6o6uduna. uNda6ambi wayiloku eyinduna esiza uSitini. Kuthena uma uGamulakhe afune imali kuyena njengo6a kade ephethe isikhundla, akaze amunika yonke imali. Kuthena noma eseyinduna kaSitini wadla imali eningi Uze uyafa njena uSitini ufela kuwona lomnyama ngenxayakhe uNda6ambi. A6aningi 6athi uyena uNda6ambi owa6ulala owenkosi ngo6a emu6iza imali ayidlayo. Kuthena uma afe, wafa se6exa6ene 6odwa a6akwa Ndlela 6ona a6antwana. Kungathi naye uSitini u6esefuna ukuzimela yedwa, ekhohliswa uNda6ambi Mavuso. Besekungasa hanjelwana.

4. Kuthena uma afe washiya indodana yakhe yakwa Mazwane uMakhosini. Nayeke uGamulakhe wafa futhi washiya uMhlupheki wakwa Maponsula. uMaponsula lona akuyona inkosikazi ka Gamulakhe.

MEM /Inkosikazi.................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s506

Inkosikazi kwakuwu maMgami wakwasi Gweje. Kufumaniseka ukuthi uMamgami akatholi lutho, manjena inkosi uGamulakhe wayesengenisa uMaponsula ukuthatha isikhundla so6ukhosikazi. Kwavela ukuxa6ana kumakhosikazi enkosi odwana e6anga 6ona u6ukhosikazi. Kwathi unina ka Mandlesilo oyena engewokuqala wafuna uku6a ku6e uyena inkosikazi. Kwathi ngoku6ona ukuthi inkosi ithanda uMaponsula wayesefuna uMuthi wentando uma-Mlambo.

5. Kuthena uku6a umamlambo amuthole wa6aqeda a6antwana 6enkosi. Kuthena ekugcineni kwasekufa yona inkosi uGamulakhe. Kuthena ngokufa kuka yise uGamulakhe umhlupheki oyena enziwe inkosana uyise uGamulakhe wa6aleka waya kuyise uSitini kwelase Mnambithi. Wahlala khona waze wakhula njengo6a nanamhlanjena usahlezi khona kulelo lase Mnambithi. Kuthena nokufa kukayise uSitini wahlala nendodana ka Sitini uMakhosini. Kwathi kuleli likayise 6ahlangana a6akaNdlela 6akhetha umnumzane oyena owayeyinduna yenkosi uku6a amu6ambele umntwana. Lomunumzane owakwa Twala uMeziwa uyena o6ambele umntwana kuze ku6e namhlanjena.

6. uMeziwa usekhulile futhi naye imali yenkosi uyayidla akayiniki; ngishononina wenkosi akamuniki imali. Uyena futhi asevuna uMandlesilo uku6a a6eyinkosi esikhundleni somntwana uMhlupheki. Kuthena uku6a kuzwakale loku uBedleni wagoga amadoda akaNdlela uku6a amu6onise umuhlola owenziwa uMeziwa kuyena nomntwana uMhlupheki. uMeziwa, usethi imali wayinika uMandlesilo. Kodwa eyi6ona 6amenza induna nombambele womntwana uyena uBedleni 6eno Sitini. Sekuthi musukwana wecala amadoda amanye aselandela yena uMeziwa ukuthi inkosi uMandlesilo. Kwathi uNdlela omuningi wavuma yena umntwana uMhlupheki.

7. Kwathi nomaseledlulela phambili kwa6a mhlophe lamahlula uMandlesilo. Kuthi ngoku phumakwa6o enkantolo usefuna ukudumela ku Bedleni uMandlesilo. Sekuthi noma 6ehamba 6ebeke ekhaya usehluleka ukuthi uzomusukela kanjani ngo6a iningi la6antu levuna umntwana uMhlupheki. Kwathi ngoku 6uyakwa6o wase uyakhishwa uMeziwa esikhundleni soku6ambela umntwana ngo6a e6eka uMandlesilo yena uku6a a6eyinkosi. Kwathi uDadeni awakhelene naye uMeziwa

MEM /wemuka....................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s506

wemuka eduzane kwakhe ngo6a kuwuyena yedwa ongavumeli uMandlesilo. Okwenza futhi amuke kwathi e6usuku wa6izwa uyena uMeziwa ufuna
8. uku6a 6ayomu6ulalela ehlane. Akavumanga ukumulandela noma amuthembisa njena. Wemuka nomuziwakhe wonke. Kuthena ngalelosonto kwasa ithuna lenkosi uGamulakhe limbiwe uyena uMandlesilo na6alandela 6akhe 6enaye uMeziwa. Ngokumba ithuna lenkosi 6afuna isithunzi soku6a naye athole a6aningi a6azomumela kulenda6a. Phoke uBedleni wasuke walanda uMhlupheki noMakhosini ukumu6onisa lomhlola. Kuthena uku6a 6afike khona 6afumanisa mathambo enkosi angasekho kumbiwe impela. Sekugadwa izinsuku ezinhlanu kodwa akuzange ku6anjwe muntu. Usethi kuhle ahambe
9. umntwana. Ne6ala usehamba umntwana ephindela khona kwelase Mnambithi. Usekhetha uWoza Xa6a uku6a a6eyinduna a6ambele umntwana. Kuthena noNcekwana uMfowa6o ka Mhlupheki wa6angaku Mandlesilo. Kwathi kusenjalo naye uNcekwana ufuna u6a yinkosi UNcekwana ukhohliswa uMandlesilo. Uthi uyakumusikela kwenye indawo uku6a nayo a6e yinkosi yakwa Ndlela. Usesuka uNcekwana noMandlesilo 6eyaku Malu6elo yena uMamgayi 6athi kuhle avume ukuthi inkosi yangenisa uMandlesilo kwakhe. Akazange akuvume uMalubolo loko. Se6engena esi6ayeni se6egwaza inkomo 6ethi 6ahlatshiswa uMalubelo. Usezwakala uMalu6elo ku Bedleni ukuthi uMandlesilo wenze umuhlola onjena.

10. uBedleni usedumela khona emuzinyathi uhamba nempi ngoba uMandlesilo uneviyo. 6athi umakuthi uMalu6elo uyenqa6a ukuvuma ukuthi inkosi yafaka uMandlesilo kwakhe angewadle ama6ele. Usenyenyezela ku Ludongontanda uMalu6elo ukuthi hamba uyo6ika ukuthi uMandlesilo 6eNoncekwana 6avimbezele. ULudongalona uyinceku ka Malu6elo. Kuthena uku6a aphume uBedleni ukushona kwelanga ehamba No6ulala Mona Jele induna yakwaNdlela neviyo. Kuthena kuzwakhala yase izivakhala lena ka ~~xxxx~~ Bedleni. 6a6e ngezokulwa 6alindele uMandlesilo uku6a agalele yena kuqala. Le6ephuma uMandlesilo 6eNoncekwana 6e6aleka. Sekuthi iviyo elihamba na6o selisala ku Meziwa. Usehlanga6ezana no Bedleni.
11. Uzwa Mona uya6onga u6onga uBedleni.

MEM /Izi6ongo..................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s506

Mandlesilo no Ncekwana. Usemeluleka ukuthi kuhle a6uye manjena azoziphathela isikhundla 6evumelana no Bedleni. Umntwana naye useku6ona loku ukuthi kuyiqiniso uma enga6uyi kuzovela okukhulu kusasa. Seku6izwa uNdlela ephelele kuzokhulunywa 6e6oniswa nezinyane lika Gamulakhe. Sekuhlatshwa ku6uswa futhi khona kwa Malu6elo.

17. Umntwana usefuna intombi yokushada. uBedleni usemuthatha emuletha emuzini kaMahlasela uku6a azothola intombi yokushada-khona. Okwenza uBedleni akhumbule uMahlasela yingo6a kwakuyinduna enkulu ka Makakanyeki kanye naye uGamulakhe. uMahlasela Vilakazi wayengeyona induna kuphela. Wayeyijaji lakwa Ndlela. Wayaziwa a6amhlophe na6amnyama. Wayeyindoda efuyile inkomo amahashi inwu imbuzi kwaku6uzwa ka Mahlasela. Uyena owathenga indawo yase Kalabasi wayithengela uNdlela ehlangene namadoda engemangaki. Uyena onendawo enkulu kunawo wonke amadoda aseKalabasi. Uyena futhi owalanda isikole kwaHulumeni eMgungundlovu. Namhlanjena

18. sikhulu siyesa6eka. Izingane sezifundela ukupheka noku6aza khona kusona lesisikole. Esakwa Hulumeni sinama tishela awu 8 sekuhlangene neliphekisayo awu 9. Lalingathethwa icala kwaNdlela engekho uMahlasela. Lalithethwa umakuyicadlana njena. uMahlasela waye6azisa a6antu, kwakungendluli muntu, wayemu6iza azophuza noma engamazi ukuthi lomuntu owakuphi. Wayenamakhosikazi ayisithupha, wafa osafuna ukuthatha futhi. Amakhosikazi ka Mahlasela yilaña, eyokuqala:- UnaSha6angu, unaKunene, una-Nkambule, unaNsi6anyoni, unaNgco6o eyokugcina intandokazi ka Mahlasela, uNanene wakwaZulu. Inkosana ka Mahlasela uBevule. Kuthena ngokufa kwakhe uMahlasela wa6ayala a6antwana 6akhe

19. ukuze 6angavumi uku6ekwa u6uduma. Wathi a6antu 6aka Ndlela 6anonona 6ayaku6a 6ulala. No6ali ithena inkosi uGamulakhe esezo6eka uBevule induna akazange avume. Kwathi ngokwazi uMahlasela inkosi yamunakashela uBevule. Walawaze wavuma uBevule. Kuthena naye esakhombisa ukuhlakani phakwakhe washesha wafa. Wafa washiya indodana uMahlimbi. Iyona isekhona. uMahlasela wa6ulawa a6antu 6aka Ndlela ngo6a 6e6anga isikhundla so6uduna.

MEK

/Kukaningi..................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s506

Kukaningi 6efuna ukumu6ulala, 6amfakele nasethwaleni kodwa avele asinde uMahlasela. Sewala njena uku6a kuvele induna emuzini wakhe ngakoloku. Phoke kwaya ngomulomo wakhe uMahlasela.

20. Uthena ngokuvuma uBevule wamusola uyise omncane. Inkosi yayifuna uku6eka yena umfowa6o ka Mahlasela wa6alukhuni impela. Kwasekuthi uBevule waze wavuma. Akuphelanga mniyaka uBevule wafa. Nenkosi 6ayitshena amazwi kaMahlasela esefa ukuthi wathi 6angavumi uku6ekwa u6uduna. Phoke inkosi yaweqa lawo mazwi ka Mahlasela. Naye uBevule wa6ulawa iwona umkhonto owa6ulala uyise uMahlasela. Wa6ulawa izinduna zakwa Ndlela ku6angwa u6ukhulu. Kuthena noMahluubi wagula waze wayo6uya lena oSuthu elashwa. Wayehlanza ingazi ngomulomo. Kuthena uku6a a6engcono wa6uya oSuthu waye sethenga izwe eMnambithi ngakuyena owenkosi uSithini. Naye usefuna ukumu6eka yona induna. Akazange avume uMadlimbi.

21. Walandula impela inkosi ya6athumele a6antu ukuyomncenga uMadlimbi aka6onaze avume. Kuthena ngokwedluleka emuzini ka Mahlasela kwase ku6ekwa uMjantshi Ntanda uyona. Osa6ambile nanamhlanjena. Kodwa akasakwazi ukukhuluma uyahoshoza. Kwathi ehambe nenkosi uthe e6uya wayengasa kwazi ukukhuluma. Wase uyelashwa waze wahoshoza njengo6a ehoshoza njena. Kuthena esephuma kulesisikhundla inkosi yenqa6a ngo6a inga6oni ukuthi izothola6ani ukuma kulesi sikhundla. Useze uyafa uGamulakhe. Kuthena naye uBedleni ongamehlo omntwana ezinda6eni zakwa Ndlela efuna uku6eka uManzoli indodana kaMahlasela ayavuma. Kwathi uVilakazi wonke wenqa6a

22. uku6a kuvele induna emuzini kaMahlasela. Inkosi yehluleka ukuthi yenzaliphi isu. Kuloku kusewuyena uNyantshi ngokweswela ukuthi u6ani ozothatha isikhundla ngo6a a6antu 6afuna kumadodana kaMahlasela. NoMuthakathi yena kaMahlasela useke walingwa akazange avume. uMahlasela wayala namadodakazi akhe ukuthi angagani e6ukhosini kwaNdlela ngo6a angeke aphile 6ayowa6ulala. Kuthe inkosazana ka Mahlasela yafunwa inkosi uBedleni, wayithumela a6antu ukuyilanda kwezwakala ukuthi inkosi izoyilanda yemuka yayakwa Anti wayo uNozililo ~~x~~ yahamba ngamahashi ~~x~~ yeqiswa u~~Nyonyana~~ ngo6a e6ona ukuthi 6azomu6ulala umtaka Mahlasela.

/Nanti..................

MEM

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s506

23. Nanti wayo wagana kwaShaбalala oSuthu yafike yahlala isikhathi inkosi iyifuna. Kwezwekala ukuthi uNyonyana oweqisa intombazane. Inkosi yase umuhlawulisa ngenkomo, wayikhipha uNyonyane. Kuthena kunjalo kwase kukhuphuka isokalayo lakwaKumalo seбeyoshada. Seбeshadile inkosi yathumela khona entaбazo ukulanda uMukhu indodakazi ka Mahlasela kodwa бayififihla yehluleka inkosi. Kuthena inkosi isixolile yaбona esefika nezingane ezimbili uMukhu, useбuya eNtaбazo. Inkosi ayaбe isaбa nandaбa. uMhlupheki бeno Makhosini kuzwakele ukuthi бafuna ukushada ntombi yakwa Vilakazi. Kuthena amantombazane ade asekhona ashadiswa zingapheleli nezinkomo.

24. Amantombazane yilana:-

uNokuzula ka Nyonyana, uDumile ka Bevule. Kwase kusala asemancane. uHluphekile waбaleka waya eGoli waбuya esemithi. Phoke aбaseбukhosini seбethukuthele ngalesisenzo. Bafumanise intombazane yomuzukula ka Mhlasela uBonakele wakwa Mfusi. Uyena uMakhosini efuna ukushadanayе. uMhlupheki akamange esayifumanisa intombazane. Amakhosi afika seliyoshona ilanga ehamba namadoda amahlanu. Amakhosi ayewomathathu uBedleni, noMakhosi, noMhlupheki. Kuthi ukuбa бaqamuke akhalweni wezwakala uNtshekane imbongo umfoka Mona Njele eбonga. Waqala ngokuбonga amakhosi akaNdlela. Waбonga uGamulakhe, waбonga uBedleni wayeseбonga uMahlasela.

25. Inkosi maбantwana yafikela kwa Tatazane. Umfowaбo ka Mahlimbi omncane. Kwakukhona uThiwani kaMomfu ka Zikhali umfowaбo ka Mhlasela omkhulu. Phela uThiwani wakhulela kwaNdlela eбukhosini. Uzalwa uNankosi wakhona eбukhosini udadewaбo kaMkakanyeki wokugcina kwaбo. Wayegane uMomfu. Kuthena ukuбa ashone unina ka Thiwani waye seyohlala kudadewaбonina inkosazane engaganaga. uThuzini usehlala useze uyakhulu uThiwani. Ukuбongela wakufunda khona. Useyeбonga inkosi uGamulakhe useбonga naye uBedleni kwathi ukugcina waбonga uMahlasela. Usemuбonga eyephuma ngentuбa, uбonga uyakhala. Uthe eqeda yazidumela inkosi uBedleni. Yasukela

26. kuwona amakhosi akwaNdlela. Yonake yaqala ngokuбonga uMkhakanyeki Yaye yaбonga uGamulakhe isize igcina ngaye uMahlasela. Inkosi

MEM /iбonga................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

i6onga iphezulu ehashini, ayimile yehlayenyuka ngehashi layo kanye na6antwana namadoda amahlanu lawo ayehamba na6o. Seku6uyiswa izikhomo. Kuthena uku6a iqede inkosi uBedleni use6ika ukuthi ngihamba namazinyane a6antwana. Asekhetheka amakhosi emaphakathi ephahla uBedleni. Amadoda lana ahambana6o nembongi asemawodwa. Selikhuleka i6andla. "6ayede wena waphakade" Inkosi isifakwa endlini kanye na6antwana induna uMjantshi Ntanda.

27. Amadoda asengena agaqe ngamadolo esho "6ayede wena wesilo" Izinduku zisala phandle. Zuthi zingafika izinkomo useyikhomba uTatazane inka6i ewa6a enkulu. Isi6onga inkosi, isithuma uMampulu Ngwenya ka NoMulomo udadewa6o kaMahlasela owelanywa uNozililo. Useyigwaza imile inkomo ngomkhonto. A6amathathu amanxe6a yase iyawa inkomo. Useyilungisa yonke inyama usethatha izinso, nesi6indi ukusa emakhosini. Amakhosi athe kuhle akulungise kuvutwa masishane. Useyosa lenyama. Sekugena utshwala sekugiywa kugiya ama6utho. Kuthena uku6a kuphele evela kuTatazane sekufika enye evela ka Mthakathi yena ka Mahlasela. Inkosi isi6ongafuthi, isi6onga uMahlasela.

28. Leyoke wayinika uMazoli ka Mahlasela uku6a ayilungise masishane. Kuthena kusenjalo inkosi yakhipha imikhono yazo zombili yanika i6andla. Kwasekuhwalele kodwa lahloku linonyezi. Yase ikhipha imbiza yaphuzisa i6andla kwasinwa kwaze kwasa. Kuthena ngakusasa ekuseni yakhipha imihlu6ulo yanika i6andla ladla. Kwazisa ukuthi izinka6i 6ezikhuluphele zinkulu futhi. Kuthena kusihlwa inkosi yafuna amantombazane. Ya6uza uNokuzula ka Nyonyana womfowa6o kaMahlasela eyena yayimufunela Mhlupheki inkosi. Kuthena kungezwakala ukuthi sewuganile, yase icela uku6ona wonke amantombazane akwa Vilakazi alandwa afika wonke. Ayengasekho amahle namanye angcono ayesemancane kakhulu.

29. Asehlalisa amakhosi. Kuthena uma esezohamba amanye amadoda inkosi yawa6ikela, umuhlola owenziwe uMandlesilo. Amantombazane alalisa amakhosiwena. Kwathi inkosi uMakhosini wa6uza uTholakele Mfusi. Wamu6ona ngelinye ilanga ekwa Phayikeni. Kwafumaniseka ukuthi uTholakele akekho ngalemini. Inkosi yemazisa unina

/ukuthi................

MBM

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ukuthi izoshada naye. Kwathi ngakusasa kwa6uthana wonke amadoda esifundasase Kala6asi akwaNdlela. Kwa6uswa kusesi 6ayeni, kusinwa, kuhu6a amaculo akomkhulu. Kuhleziwe ngama6utho. Izinyosi, nezimpangele zihlezi ndawonye zona. Inkosi uMhlupheki waqamba i6utho eliyintanga yakhe wathi (izinkonjane). Kuthena umasekusina zona izinkonjane zisinela yona inkosi wasuka
30. uMhlupheki wa6aphakathi naye. Kwasekulandwa namantombazane ukuzosina nenkosi. Kwakusinwa ngazo ezo6ukholwa izingu6o. Kuthena umasekuya ntambama kwase kuyaphakwa ukudla. Kwaphakwa ngeziga6a zama6utho. Kwakuphakwa uyena uMaphulu Ngwenya ka Nomlomo kaZikali. Kuthena uku6a ku6oshelwe amahashi, kwafika a6esifazane 6ezo6ona inkosi uMhlupheki. Inkosi uBedlene use6ona umntwana omuhle kodwa usemuncane. Lomntwana wayecashi siwe uku6a inkosi ingamu6oni. Akamncane kakhulu useneminya eyishumi namune 14. Inkosi isimu6uza ku Manzoli ka Mahlasela. Usethi uManzoli inda6akazi ka Hlomendlini ishinga lika Mahlasela. Uzalwa uMamcunu ka Nzondo kaDlayisa ka Phakade ka Macingwane wase
31. Macunwini. Usefuna uku6ona yena unina noyise. Uthena anga6ona unina wazidumela izi6ango zikaMahlasela. Usethi uku6a aziqede, "Ngiya6onga uku6ona emuzini ka Mahlasela imntaka Nzondo ka Dlayisa. Phela eMacunwini kugane a6enkosi uMkakanyeki 6agama uHulumeni yena ka Phakade. "U6uhlo6o se6ufezekile kuMacunu na6akwa Ndlela." Use6ona yonake indodakazi ka Hlomendlini. Usethi kufuneka uku6a lomntwana ayovusa umuzi wakwa Ndlela. Wamiswa phambi kwe6andla. Inkosi isi6uye imuyeka usehamba. Akwaziwa ukuthi uku6uya kwa6o 6ayomenzenjani. Usemuncane kodwa umntwana. Uyise uHlomendlini usemuthathile wamusa ekha6onina ngo6a akafuni naye usemuncane futhi uzimisele uku6a afunde
32. lomntwana. Nokuze a6esekhaya afunyaniswe amakhosi kwenziwe ngo6a e6uye ngokugula ekhaya. Yena u6isefunda u(Standard 6) enzansi eManto6elo lapho kwafunda unina. Kuthena uma asehamba amakhosi wase uya6onga uMahlala induna yakwaSigweje. Use6onga uMahlasela:



Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s506

Izi6ongo zika Mahlasela

Umzizinya omhlophe unjengeqwa,
Undlela zidida umininizo,
Awele ngezintu6a ngenzintu,
Awele uthukela nempofana
Wanyelela kwasha amazi6uko,
Awele umzinyathi nensuze kwalamba izingwena,
Ungalo zendlovu zimumethe igazi yamadoda,
Udla amadoda njengengwe inga6onwa,
Umahlasela ngo6a wahlasela uNodada wadeda wavula indlela,
Ogalela ku6aneke izulu, ndlela oka Zikali

33. Akuphuke ngoshikishi,
Amadoda kwehla imitsha namashungu,
Ohlasele amaHlu6i amuvulela isikhala.
Umfushane ungu6o zinyathelwayo
Umagagasi afukukanenda6a kaZikali
Anda6a zingaphele emulonyeni wamadoda.
U6uzwafuthi uku6a uyakufanini uMahlasela,
Usunduzwayo esunduzwa izinduna zakwa Ndlela
uSikunyane, 6eno Mafuya.
Inkomo edlayodwa ingahlangana nezinye inkulu inda6a.

Unda6azezwe ngokuthenga izwe lingazange lithengwe kwa Ndlela. Umushishizela ka Mdlampisi ka nda6a, usifukuli madoda yedwa aye awathele ezinta6eni, uthele umendlalelwa wathela uPhuphu. uNdlovu emehlo angangawenkomo, onyawo zingange nselo yembongolo, Useduma akadinwa ingazi lamadoda.

34. Uthena uku6a aqede ezika Mahlasela usesho ezika Bedleni. Asephuma amakhosi asehamba, kwase kuntambama. Ayeseya emuzini ka Dlozi Nyembe yona induna yakwaNdlela esesifundeni sakwa Siwangu. Ayenzela ukusondezela uhambolwawo amakhosi eya ondini kwelase mnambithi lapho ehlalakhono. uBedleni 6eno Tatazane namadoda amathathu ahamba namakhosi se6ehambanawo. Kuthena ngakusasa avuka ahamba amakhosi namadoda amahlanu. Kwathi uTatazane wa6uya nenkosi 6eno Mahlala. Inkosi eya6uya uBedleni

MEM /amakhosi.................

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s506

amakhosi kwaNyembe ahlatshiswa intondolo yembuzi. Lamadoda amahlanu ahamba namakhosi enye inceku ka Mhlupheki, enye induna ka Makhosini nembongi ka Mhlupheki. A6anye a6anumzane njena.

35. Ukuhlu6a kwa6afana

Kungumuthetho wa6afana ukuhlu6a a6anye a6afana uma6engahlu6ile. Umakuhlutshwa umphambili womfana uya6anjwa ngo6anye a6afana ugo6aku6uhlungu kakhulu. Usezomhlu6ula ijwa6u lona omunye. A6anye 6amuqinise. Umfana akahlushwa ijwa6u uma engakawuhla6i umuthambo womcamo. Into yokuqala uku6a ahla6e umuthambo umakuzehlwa umuthambo. 6aya6izwa 6onke a6afana 6a6izwe izingqwele. Sezizo6a vula imicamo ya6o. Kuzothi owalona ongavuleki kuthiwe akamelapha angahambi. Se6ezovulwa 6onke a6afana ngaphambili imicamo. Sekuzothunywa omunye uku6a ahambe ayokukha isho6a lenkomo. Sekuzothathwa ameva nayileyo nayileyo

36. ngqwele inomfana wayo ezomucamusa. Kuhgcono ukucamuka kunokuhlutshulwa. Usezoqinisela umfana. Kuthi kungacamuka usefakwa isho6a lenkomo use6oshwa. Sekuzohlali izinsukwana nomazithathu 6ese uyanqamuka umuthambo. Kuzawuhlala isikhashana u6uye ukhule futhi umuthambo. Uma usukhulile omunye onesi6indi uyaye azihla6e ngokwesi6ili. Uma esehla6ile okwesi6ili usezohlu6a umcamo wakhe. Omunye ayeye aphe kakhulu agulefuthi uma 6amuhlu6e ngamawala. Emakhaya akukhulunywa uma omunye eguliswa ukuhlu6a noma ukucambusa umthambo. Uma kuvuvukele kulandwa omhlu6ile noma omcambusile azomutho6a 6ese kuphela ngaloko.

37. Omunye umuse6enzi wa6afana.

Uma izinkomo zidle amasimu a6afana 6esa6a ukuthi 6azoshaywa. 6ayaye 6athathe izinti 6azithukuse emakhanda 6aqala ngoku6opha ifindo kuthi kulelo findo 6acamelekhona 6onke. Nezinti a6azozithukusa ekhanda 6azicamele kanye nalawo mafindo. Kuzakuthi uma umfana esezoqeda ukucama awuphuze umcamo wakhe a6ize lowomuntu amesa6ayo uma esewukhifa. Athathe uthi aluthukuse ekhanda. Usezohamba abeke phambili. Angaphindi abeke emuva. Uma ekewabeka emuva usewonile umuthi wakhe. A6anye esikhundleni sokucama 6ayalukhafulela ngamathe ifindo

/6ahlome.................

MEM

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s506

6ahlome uthi ngasefindweni olunye ekhanda. Loku 6ayakuthemba
38. a6afana futhi kuya6asiza 6asinde endukwini. Uthi lolu kuswelekile
uku6a lunga6onakali ngempela. Kwathi omunye umfana sihamba
naye siya eCollege eMariannhill manjena sephuza ukufinyelela
eCollege ngosukulokuqala saze safika sekwendlule izinsuku
ezintathu, kanti emakhaya saphuma kanye na6anye kwakufanele
sifike nathi ngosukulokuqala. Manjena sesa6a ukuthi sesizoxoshwa
eCollege. Wayesethi uMfusi kumina uya6ona ndoda ukuze siphumelele
asimbe insula-nsula. Insulansula umuthi u6onwana isigoxasawo.
Ne6ala sayimba insulansula, safika emfundlananeni sayigxo6a
insulansula. Sase sigeza ngayo sesiphuza futhi umcamo wethu
uhlangene nayo insulansula sa6iza uPrincipal. Sesesifinyawona
39. afindo sesicamela kuwona sesihamba. Safaka ne zinti emakhanda.
Sathi ukufika kuyona iPrincipal ~~yxt~~ ~~x~~ yasija6ulela ayasi6uza
nokuthi siphumaphi kadesenzani. Sayinika amathikithi ethule
yawathatha yathi si6oshesha ngomuso saphumelela. Uma utishela
eshaya sasenzanjalo umasi6ona ukuthi sizofika layithi. Kwesinye
isikhathi sasiphumelela kokunye aseshaye. Umakuyoliwa na6anye
a6afana, sasithathayona insulansula sigeze ngayo. Kuthi izinduku
zethu sizinyenyeze ngayo insulansula. Sesizomumatha yona
insulansula sifeke umasesisondele na6o sikhife nga sibekise
ku6ona. Umcamo wethu sasiwuphuza umakuyoliwa. Ukuphuza umucamo
senzela uku6a singa6i x navalo umasesisondelene nezitha zethu.
Kuzakuthi uma6e6aleka 6esesi6aqwandela sithi, "shithi 6afana"
40. Umasithanda si6ashaye emakhanda kancane sisholamazwi,
"Nqonqomfana wongigolela amadiye emvakwendlu kwemu" Kuzothi
ngokokuguna umushaye kakhulu. Kokunye ophe. A6afana a6a
amagwala 6e6eqathwa lize lishone kuthiwa 6afundiswa induku.
Umfana ongakwazi uku6ukusha u6esiwa lapho kushona khona
agcwilize eyedwa kuthi umase6e6ona ukuthi usefuna ukumunza,
6atshuze phansi 6aye 6amukhiphe 6amuse lapha kungashoni ngakhona
uku6a afunde. 6a6ehlupheka a6angakwazi ukuhlamba ngo6a noma
kuqamuka umuntu omudala e6ashaya uzo6athola kahle. La6a
a6afundile ukuhlamba 6azongena ezizi6eni 6adlale ngaye umuntu.

/Wonke..................

MEM

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s506 K13/21 14

Wonke umfana u6ezama ngamandla akhe wonke ukufunda ukuhlamba.

41. Umfana ongakwazi ukushaya ikwelo u6ethathelwa isilwane esimunyamana esihlala emanzini si6ekwe olimini lwakhe simulume kakhulu apho olimini. Kuzothi uma engafundi 6enzenjalo woze afunde. Umfana ongakwazi ukugi6ela amathole wayeqaliswa wonke amathole. Ukugitshelwa kwethole kuthathwa intambo, lentambo i6izwa ngokuthi iqala. Isozo6oshwa eziphangeni zethole. Lentambo eyoku6amba lona ogi6elayo. Kuthi, uma eqala ukukwelela aqale ngokuninda u6ulengwe emathangeni akhe ukuze angawi ngo6a umhlane wethole uyashelelela. Nezinkomo zi6uyiswe ngowomathole. Nomaziya kolunye ukhalo kuzogitshelwa amathole. Ongakwazi ukugi6ela uzohamba phansi. Ayegitshelwa kuze ku6e yizinka6i. Azilamulele ngokuhla6a.

42. Eliyingudulu laligatshelwa noma sekuyinka6i endala. Ukufunda um6ala,~~wawa~~ wezinkomo nezimbizi kwakuwumukhu6a wa6afana. Ugayindophi yingudulu e6omvu enganawo omunye umbala. Uphuna ingudulu emnyama engenawo omunye um6ala. Ewa6a enkomo enom6ala omnyama kanti iyafuna uku6a 6omvufuthi. Iphuthukezi inkomo enomu6ala omunyamana nompofu ocacile. Isiqandane inkomo noma im6uzi enom6ala omnyana 6ese ku6a khona omhlophe ulingana lomu6ala. Inhlamvukazi enomnyama nomhlophe omncanyane othefahlafahla. Inkone noma ehlwenyisimani enom6ala omnyama noma o6omvu 6eseku6a nombala omncane ogijima emhlanephe zulu emgogodleni wehlele ngaphansi. Amaganda kacilo kuvama ukushiwo ezimbuzini ezinama6ala amunyama namhlophe na6omvu, amancane lama6ala.

43. Uvethiphoni: Kuvama ukushiwo ezinkomeni ezinom6ala naphansi kuphela omuhlophe kanti zimnyama nomazi6omvu.

Impemvu:- Enom6ala omhlophe kuphela e6usweni omhlophe kanti yona umunyama noma i6omvu.

Evethifuthi: Inkomo enom6ala omnyama noma o6omvu 6ese iqhiza ngamanqina ngomu6ala omhlophe.

Usithinkoli: Inkomo enom6ala omnyama wodwana. Imswayidi:- inkomo enom6ala omhlophe yase ifafaza ngomnyama emhlu6ulweni.

Entusi: Inkomo enom6ala omnyama noma o6ovu yase i6anomhlophe

/ngaphansi............

EM

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

